basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

IMEMORANDAMU

FEBRUWARI/MASHI 2018

AMAMAKI: 80

Le memorandamu inamakhasi ayi-7.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1

1.1 1.1.1 Umkhuba lapho kufakwa khona okuthile esiphuzweni somuntu.√ (1)

1.1.2 Okukodwa kwalokhu:
- Yinoma yiluphi uhlobo lwesiphuzo.√√/
- Iziphuzo ezibandayo, ezishisayo nezidakayo.√√ (2)

1.1.3 Okukodwa kwalokhu:
- Asinawo umbala.√√/
- Asinuki.√√/
- Asiyiguquli indlela esinambitheka ngayo isiphuzo sakho.√√ (2)

1.1.4 Kuba sengathi uzulelwa yikhanda awe phansi noma alale.√√ (2)

1.1.5
- Bafuna ukuwadlwengula.√
- Bafuna ukuthatha izithombe bazifake ezinkundleni zokuxhumana.√ (2)

1.1.6 Impilo yakhe yashintsha ngoba wayesenamahloni emva kwama-video ayemhlambalaza.√√ (2)

1.1.7 Okubili kwalokhu:
- Ukuhamba nabangani enizogadelana iziphuzo nabo.√/
- Ukungavumi ukuthelelwa umuntu isiphuzo esivulwe ungasibonanga.√/
- Phuza isiphuzo ngebhodlela noma ngekani usebenzise isi-straw.√/
- Ungasiphuzi isiphuzo osishiye etafuleni sivuliwe.√/
- Vala isiphuzo sakho ngesandla uma usendaweni egcwele abantu abaningi.√/
- Ungasiphuzi isiphuzo esishintshe umbala waso nesinephunga elihlukile kwelaso.√/
- Ungaziphuzi iziphuzo zabanye abantu.√ (2)

1.1.8 (a) Bayafa.√√/ Bayashona.√√ (2)

(b) Wesaba ukuvela kubantu.√√/ Wesaba akangazi ukuthi uzokwenzenjani.√√ (2)

1.1.9 Izimpendulo ziyokwehluka:

Isibonelo: Yebo, ngoba kungasiza ukwehlisa isibalo sabantu abafakelwa izidakamizwa eziphuzweni zabo.√√/
(Nokunye okunembayo.) (2)

1.1.10 Ungaboshwa unikwe isijeziso esiqinile.√ (1)

1.1.11 Umbono, ngoba iyafakwa nakwezinye iziphuzo ezingebona utshwala.√√/ (Nokunye okunembayo). (2)

1.1.12 Izimpendulo ziyokwehluka:
Isibonelo:
- Ngingamxwayisa umuntu ofakelwe ukuthi angasiphuzi leso siphuzo.√√/
- Ngingabiza umphathi wendawo ngimazise ngengikubonile.√√/
- Ngingambizela amaphoyisa lowo muntu ukuze aboshwe.√√

(Nokunye okunembayo.) (2)

1.2 1.2.1 Isikebhe.√/Ibhasi.√/Riksha.√ (1)

1.2.2 Okubili kwalokhu:
- Ulwandle.√/Isithombe-A.√
- iShaka Marine.√/Isithombe-C.√
- Ukugibela isikebhe.√/Isithombe-F.√ (2)

1.2.3 C√/Indawo esesithombeni-D.√ (1)

1.2.4 Izimpendulo ziyokwehluka:
Isibonelo:
- Abantu abaningi abavakashele kuleli dolobha bangathola ithuba lokuyobuka izinto ezigcinwe khona ezingamagugu esizwe.√√/
- Izivakashi ezize edolobheni ziyithola eduze indawo okugcinwe kuyo amagugu esizwe.√√/

(Nokunye okunembayo.) (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2

Amaphuzu angabhekwa:

	AMAPHUZU ACASHUNIWE		AMAPHUZU ALINDELEKILE
1.	Uma uzoba nendlela gcwalisa uphethiloli ufuthe namathayi ukuze ungami endleleni.	1.	Kufanele uhambo lwakho ululungisele ngokufaka uphethiloli owanele ubheke namathayi.
2.	Ukuvala amawindi wonke nokukhiya iminyango kungakusiza.	2.	Ukuhlala uyikhiyile imoto yakho kwenza uvikeleke ezigebengwini.
3.	Isikhwama, imali, ifoni nokunye okusemqoka kufanele ukubeke ebhuthini noma ngaphansi kwezihlalo.	3.	Kufanele uzifihle izinto zakho ezibalulekile ngoba zingadonsa amehlo ezigebengu.
4.	Ukuphila kahle nomakhelwane bakho kungakusiza ukuze usheshe ubone umuntu noma imoto engajwayelekile eduze kwekhaya lakho.	4.	Ukuzwana nabantu owakhelene nabo kwenza usheshe ubone uma kunomuntu noma imoto engaziwa.
5.	Ukupaka eduze kwezitolo nasendaweni edlula abantu abaningi kungakusiza.	5.	Paka endaweni ephephile, edlula abantu kakhulu nesobala.
6.	Ukwakha ezokuphepha eziqinile emzini wakho kuyisu/icebo elihle ngoba abathatha izimoto abayifuni into ezobabambezela.	6.	Biyela ikhaya lakho ukuze kube nzima ukuthathelwa imoto.
7.	Imoto yakho kufanele ibe ne-alamu esebenza kahle kanye ne-tracker ukuze imoto itholakale kalula uma kwenzekile yantshontshwa.	7.	Faka i-alamu ne-tracker ukuze imoto itholakale masishane.

Ukumakwa kokufingqa

Ukumaka kubhekela ukuba khona kwamaphuzu abalulekile nokuhlungwa kwalawo angabalulekile empendulweni.
Ukufingqa kumele kumakwe ngale ndlela:

- **Ukwabiwa Kwamamaki**:
  - Amamaki ayi-7 ngamaphuzu ayi-7 (Iphuzu lilinye labelwa imaki elilodwa).
  - Amamaki ama-3 abelwa ukusetshenziswa kahle koLimi.
  - Isamba samamaki-10.

- **Ukwabiwa Kwamamaki Okusetshenziswa Kolimi Lapho Umfundi Esebenzise Awakhe Amagama:**
  - Iphuzu eli-1 kuya kwama-3: Uklonyeliswa ngemaki eli-1.
  - Amaphuzu ama-4 kuya kwama-5: Uklonyeliswa ngamamaki ama-2.
  - Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Uklonyeliswa ngamamaki ama-3.

- **Ukwabiwa Kwamamaki Okusetshenziswa Kolimi Lapho Umfundi Ecaphune Njengoba Kunjalo Esiqeshini:**
  - Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Akaklonyeliswa lutho ngemaki lolimi.
  - Iphuzu eli-1 kuya kwama-5: Uklonyeliswa ngemaki eli-1 lolimi.

QAPHELA:
Ukubalwa Kwamagama:

- Abamakayo kulindeleke ukuthi babale inani lamagama asetshenzisiwe.
- Awekho amamaki asuswayo uma umfundi engalibhalanga inani lamagama asetshenzisiwe noma elibhalile kodwa kungesilona.
- Uma inani lamagama asetshenzisiwe leqile, omakayo kumele afunde wonke umusho wokugcina ngaphezulu kwesibalo esibekiwe awuqede, angabe esakunaka okunye okuza emva kwalowo musho.

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

ISIQEPHU C: UKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 3

3.1 Kubafundi abafuna ukuyofunda ekolishi.√/ Kubafundi abaqede uMatikuletsheni.√ (1)

3.2 Okubili kwalokhu:
- Ezokuphatha amabhizinisi.√/
- Ezokugcinwa kwamabhuku.√/
- Ezokuvakasha.√/
- Ezokulima nokugcinwa kwemvelo.√ (2)

3.3 D√/Ukudingeka kakhulu.√ (1)

3.4 Okubili kwalokhu:
- Ukwesekwa okuphelele ezifundweni ngezezimali.√/
- Ukuthola indawo yokuhlala ngaphakathi.√/
- Ukuhanjiswa ngebhasi mahhala.√ (2)

3.5 Imfundo ukhiye wekusasa lakho.√√/Yiba Yinyama Ezinkampanini.√√ (2)

3.6 Okubili kwalokhu:
Izimpendulo ziyokwehluka:
Isibonelo:
- Ukuthola umsebenzi ongcono.√/
- Ukuhloma ngolwazi.√/
- Ukuphila impilo engcono.√/

(Nokunye okunembayo.) (2)
[10]

UMBUZO 4

4.1 U-Ted√/ isithandwa sakhe.√ (1)

4.2 EJozi.√/LiseJozi.√ (1)

4.3 Ziyi-7.√/Ziyisikhombisa.√ (1)

4.4 C√/Umuntu wesifazane oselotsholiwe.√ (1)

4.5 Ukubukisa√√/ukuchoma.√√/Ukuheha amehlo.√√ (2)

4.6 Ubaba ucabangela ukwenzela umndeni wakhe wonke okuhle√ kanti umama uzicabangela yena yedwa.√
(Nokunye okunembayo) (2)

4.7 Yebo. Okubili kwalokhu:
- Bavakashele eParis ngesikhathi samaholidi.√/
- Ubaba ufakela umndeni wakhe imali.√/
- Banezinto ezisebenzisa ubuchwepheshe(gadgets).√/
- Kulula kumama ukuthenga izinto zemfashini.√/

(Nokunye okunembayo.) (2)
[10]

UMBUZO 5

5.1	5.1.1	Abantu abadala ba**sa**lindele ukuthi izingane kube yizona ezibahloniphayo.√	(1)
	5.1.2	UMaKhumalo u**ba**fundisa inhlonipho abantwana.√	(1)
	5.1.3	Amehlo**kazi**.√ Imisho iyokwehluka: Isibonelo: Intombi ingibuke ngamehlo**kazi** ayo amahle.√	(1) (1)
	5.1.4	Abantu abadala bahloni**shw**a yizingane.√√	(2)
	5.1.5	Emandulo.√	(1)
	5.1.6	USihle wathi; '**Ngi**yaxolisa be**ngi**nganakile **ngi**saphendula umyalezo kamakhalekhukhwini.'√√ **Noma** '**Ngi**yaxolisa be**ngi**nganakile be**ngi**saphendula umyalezo kamakhalekhukhwini.' kwasho uSihle.√√	(2)
	5.1.7	C√/isenzo + ibizo.√	(1)
	5.1.8	Ihaba.√√	(2)
	5.1.9	Ngoba.√ Imisho iyokwehluka: Isibonelo: Ngisebenza kanzima **ngoba** ngifuna ukuphasa.√	(2)
5.2	5.2.1	Bayahleka.√	(1)
	5.2.2	Uthole umsebenzi awufundele wokuphatha inkampani yabameli.√	(1)
	5.2.3	Inkolelo engaguquki.√√	(2)
	5.2.4	**Umsebenzi-**Ngimholela imali engcono kakhulu **umsebenzi** ongisiza ekhaya. √√	(2) **[20]**

AMAMAKI ESIQEPHU C: 40
AMAMAKI ESEWONKE: 80